# UMASIPALA WESIFUNDA UGU

| | |
|---|---|
| **POLICY CUSTODIAN**<br>**Umnikazi Wenqubomgomo** | **CORPORATE SERVICES**<br>**Uphiko Lwezokusebenza Ngokubambisana** |
| **NAME OF POLICY**<br>**Igama Lenqubomgomo** | **Umthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini (PAIA) Kanye Nomthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu (POPIA)** |
| **POLICY NUMBER**<br>**Inombolo Yenqubomgomo** | **1/2/P/2014/1** |
| **STATUS**<br>**Isigaba ekuso njengamanje**<br><br>**DATE**<br>**Usuku** | **ADOPTED**<br>**Isvunyiwe**<br><br>**2024/2025 FY** |
| **APPROVED BY**<br>**Igunyazwe** | **COUNCIL**<br>**uMkhandlu** |
| **DATE FIRST APPROVED**<br>**Usuku Eyagunyazwa Kokuqala** | **26 KuLwezi wezi- 2011** |
| **DATE LAST APPROVED**<br>**Usuku Eyagcina Ichitshiyelwe Ngalo** | **28 KuNcwaba 2025** |
| **DATE FOR NEXT REVIEW**<br>**Usuku Olulandelayo** | **2026/27 Unyaka Wezimali** |

OKUQUKETHWE


1. UHLU LWEZIFINYEZO KANYE NOKUNQANYULELWA KWAMAGAMA ........ 3

2. INHLOSO YEBHUKWANA LE-PAIA ........ 3

3. IMITHETHO/ IMITHETHO EGUNYAZIWE ........ 4

4. UKUSEBENZA KWENQUBOMGOMO........ 4

5. IZINHLOSO ZENQUBOMGOMO........ 4

6. UKUSUNGULWA KUKAMASIPALA WESIFUNDA UGU........ 5

7. UKWAKHEKA KANYE NEMISEBENZI KAMASIPALA WESIFUNDA UGU........ 5

8. IMININININGWANE EMQOKA YOKUXHUMANA NOMASIPALA WESIFUNDA UGU MAQONDANA NOKUFINYELELA OLWAZINI ........ 7

9. UMHLAHLANDLELA WOKUTHI ISEBENZA KANJANI I-PAIA KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELA KANJANI KULO MHLAHLANDLELA........ 7-8

10. INCAZELO YEZIHLOKO ZAMAREKHODI KANYE NEZIHLOBO ZAMAREKHODI AGCIWE UMASIPALA WESIFUNDA UGU ........ 13

11. IZINSIZA EZIHLINZEKWA UMASIPALA WESIFUNDA UGU KUMALUNGU OMPHAKATHI KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELA KANJANI KULEZO ZINSIZA........ 13-18

12. UKUBANDAKANYA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOMA UKUSEBENZISA AMANDLA KUMBE UKUSEBENZA KUKAMASIPALA WESIFUNDA UGU ........ 18-19

13. UKUSETSHENZISWA KWEMININININGWANE YOMUNTU SIQU ........ 19-23

14. UKUNQATSHELWA KOKUCUBUNGULA ULWAZI LOMUNTU SIQU [POPIA ISIGABA 11(3) (A)........ 23

15. UKULUNGISWA/UKUSUSWA KOLWAZI LOMUNTU SIQU [POPIA ISIGABA 24(1] ........ 23

16. UKUTHOLAKALA KWEBHUKWANA ........ 23

17. UKUBUYEKEZWA KWEBHUKWANA ........ 24-25

FORM 3 –UMPHUMELA WEZICELO KANYE NEZIMLI EZIKHOKHWAYO ........ 26-27

18. SCHEDULE OF FEES ........ 28

FORM 2- ISICELO SOKUFINYELELA KUMAREKHODI ........ 29-32

FORM 4 – IFOMU LANGAPHAKATHI LOKUDLULISA ISICELO........ 33-35

ISICELO SOKULUNGISWA NOMA UKUSUSWA KWEMININININGWANE........ 36-37

UKUSEBENZA KWE-PAIA NGAPHAKATHI ........ 38

**AMAREKHODI OKUGUNYAZWA KWENQUBOMGOMO** ........ 39

## 1. UHLU LWEZIFINYEZO KANYE NOKUNQANYULELWA KWAMAGAMA

**1.1** **"UMasipala"** Kushiwo uMAsipala Wesifunda Ugu njengoba usungulwe ngaphansi komyalelo okhishiwe

**1.2** **"I-DIO"** ISekela LeSikhulu Esibhekele Ulwazi;

**1.3** **"I-IO"** ISikhulu Esibhekele Ulwazi

**1.4** **"Ungqongqoshe"** uNgqongqoshe Wezobulungiswa kanye Nokuhlunyeleliswa Kwezimilo

**1.5** **"I-PAIA"** uMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini uNo,2 wezi-2000 njengoba uchitshiyelwe;

**1.6** **"I-PFMA"** uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni uNo. 1 kowe-1999 njengoba uchitshiyelwe;

**1.7** **"I-POPIA"** uMthetho Wokuvikela Ulwazi Lomuntu Siqu uNo4 wezi-2013,

**1.8** **"I-PAJA"** uMthetho Wokukhuthaza Ubulungiswa Kwezokuphatha, wezi-2000, uNo.3 kowe 2000

**1.9** **"UMlawuli"** uMlawuli Wezolwazi Regulator

**1.10** **"I-MFMA"** uMthetho Wokuphathwa Kwezimali ZikaMasipala wezi- 2002 (umthetho No. 56 wezi 2003)

**1.11** **"I-SC"** **Ukuqikelela Kwezokuphepha- Noma yikuphi ukufinyelela okungagunyaziwe noma ukutholwa kolwazi lomuntu siqu**

**1.12** **Ukuzihlangula kukaMasipala Wesifunda UGu**

## 2. INHLOSO YEBHUKWANA LE-*PAIA*

2.1 Leli Bhukwana le-PAIA liwusizo ukuze umphakathi ukwazi:-ukuhlola uhlobo lwamarekhodi okungenzeka ukuthi asevele akhona kuMasipala Wesifunda Ugu, futhi atholakala ngaphandle kokuthumela isicelo esisemthethweni sokuhlinzekwa nge-*PAIA*;

2.2 Ukuqonda ukuthi usenza kanjani isicelo sokuhlinzekwa ngerekhodi likaMasipala Wesifunda Ugu;

2.3 Ukufinyelela kuyo yonke imininingwane yokuxhumana efanele yabantu abazosiza umphakahti ngamarekhodi ohlose ukuhlizekwa ngawo;

2.4 Ukwazi ngazo zonke izisombululo ezitholakala kuMasipala Wesifunda Ugu mayelana nesicelo sokufinyelela kanjani kumarekhodi, ngaphambi kokudlulela kuMlawuli noma Ezinkantolo;

2.5 Ukucacisa ngezinsiza ezihlinzekwa uMasipala Wesifunda Ugu kumalungu omphakathi kanye nokuthi ungafinyelela kanjani kulo mhlahlandlela;

2.6 Ukucacisa ngomhlahlandela wokuthi isetshenziswa kanjani i-*PAIA* njengoba ivuselelwe nguMlawuli kanye nokuthi ungafinyelela kanjanu kulo mhlahlandlela;

2.7 Ukuthola uma uMasipala Wesifunda Ugu uzosebenzisa ulwazi lomuntu siqu, inhloso yokusetshenziswa kolwazi lomuntu siqu kanye nencazelo yezinhlobo zolwazi kanye nolwazi nom izinhlobo zolwazi oluhlobene nalokhu;

2.8 Ukuthola uma Umasipala Wesifunda Ugu uhlele ukudlulisa noma ukucubungula ulwazi lomuntu siqu ngaphandle kweRiphabhlikhi yaseNingizumu Afrika kanye nomuntu noma uhlobo lwabantu

abazokwamukela lolu lwazi; ngokunjalo

2.9 Nokuthola ukuthi uMasipala Wesifunda Ugu unazi yini izindlela zokuphepha ezifanele zokuqinisekisa ukugcinwa kobumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kolwazi lomuntu siqu okufanele lucutshungulwe.

## 3. IMITHETHO/IMITHETHO EGUNYAZIWELEGAL FRAMEWORK

Inqubomgomo i-PAIA kanye ne-POPIA kaMasipala Wesifunda UGu yakhiwe ngokubheka isimo semithetho ezingeni Likazwelonke kanye Nesifundazwe- okumele ihambisane nayo, kanye nemiqathango yenqubomgomo kahulumeni Kazwelonke kanye Nesifundazwe.

Ngokukwazi ukuphatha amarekhodi angamaphepha ngokufanele kanye nokonga uMasipala Wesifunda UGu wenza imizamo yokuthi kube khona izingakubika, ukuba sobala kwezinto kanye nokuletha izinsiza njengoba ziqukethwe emthethweni esungulwe ngu:-

3.1 UMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika uNo. 180 we-1996;

3.2 UMthetho Wokugcinwa Kwemilando Kazwelonke kanye Nemisebenzi Yamarekhodi yaseNingizumu Afrika (uMthetho No. 43 we-1996 njengoba ulungisiwe);

3.3 UMthetho Wokuphathwa Kwezimali ZikaMasipala wezi-2002 (uMthetho uNo. 56 wezi-2003);

3.4 UMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini (uMthetho No. 2 wezi-2000);

3.5 UMthetho Wokukhuthaza Ukuphathwa Kwezobulungiswa (uMthetho No. 3 wezi-2000);

3.6 UMthetho Wezokuxhumana Ngobuchwepheshe kanye Nokusebenza kwazo (uMthetho No. 25 wezi-2002).

3.7 UMthetho Wezokuphathwa Kwezinhlaka zikaMasipala (uMthetho 117 we-1998)

3.8 UMthetho Wezinhlelo zikaMasipala (uMthetho 32 wezi-2000)

## 4. UKUSEBENZA KWENQUBOMGOMO

4.1 Le nqubomgomo inomthelela ezindleleni zokusebenza kukaMasipala Wesifunda UGu;

4.1.1 abenza amarekhodi okubandakanya amarekhodi ezobuchwepheshe bokuxhumana;

4.1.2 abafinyelela kumarekhodi;

4.1.3 abenza noma yimiphi imisebenzi yamarekhodi, isibonelo imisebenzi yokugcinwa kanye nokunakekelwa kwamarekhodi;

4.1.4 abaphethe abasebenzi abenza noma yimuphi yale misebenzi; noma ukuphatha, noma ukufaka umbono ekwakhiweni kwamarekhodi, ingqalasizinda yolwazi lobuchwepheshe.

4.2 Ukudluliselwa kwamarekhodi kaMasipala kumuntu wesithathu akuvumelekile ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yeMenenja Yamarekhodi, iMenenja Yezomthetho noma iMenenja kaMasipala. Zonke izicelo ezifakwe mayelana olwazi kumele zenziwe ngokuhambisana ne-PAIA kanye ne-POPIA futhi ziyacutshungulwa yiMenenja Yamarekhodi. Lokhu akubandakanyi ukukhishwa kwezincwadi zezikweletu, i-akhawunti kanye nolwazi oluhambisana namakhasimende oludingekayo kanjalo nokuhambisana nokubika kuZwelonke, Esifundazweni kanye nohulumeni waseKhaya njengo-Mgcinimafa, uMcwaningimabhuku-Jikelele, UCOGTA, DWA

njl.

## 5. IZINHLOSO ZENQUBOMGOMO

5.1 Ukuhlinzeka ngohlaka lapho izicelo ze-PAIA kanye ne-POPIA zikaMasipala Wesifunda UGu ziyakubheka khona.

Inhloso yale nqubomgomo ukuqinisekisa ukuthotshelwa koMthetho Wokuvikelwa Kolwazi Lomuntu Siqu 4 wezi-2013 ngokubeka isu likaMasipala Wesifunda UGu ukuze kugcinwe amalungelo obumfihlo kanye nokugcinwa kwemfihlo kolwazi lomuntu siqu lwabasebenzi bawo, kanye nomuntu wesithathu.

Inhloso yalo nqubomgomo ukwenza uMkhandlu kaMasipala we-UGU ukuthi:-

- Ukuthobela umthetho mayelana nedatha enayo ngabantu
- Ukulandela izinqubo ezihamba phambili zemboni mayelana nomthetho wokuvikelwa kolwazi lomuntu siquso;
- Ukuvikela amaKhansela e-UGU DM, abasebenzi kanye nabantu besithathu mayelana nemininingwane yabo;
- Ukuvikela i-UGU DM emiphumeleni yokungalandelwa kwemithetho okungeyezinkantolo.

## 6. UKUSUNGULWA KUKAMASIPALA WESIFUNDA UGU


UMasipala Wesifunda UGu uklanywe waba uMasipala okuMkhakha C, yibhodi Eliklamaypo ngokwesigaba 4 soHulumeni Basekhaya: uMthetho Wokuhlela Omasipala we-1998. Usungulwe mhla zi-5 kuZibandlela wezi-2000 kokuhlakazwa koMkhandlu Wesifunda UGu. UMasipala Wesifunda UGu ungomunye womasipala abayishumi eSifundazweni saKwaZulu-Natali. IkwaZulu-Natali yona ingesinye sezifundazwe eziyisishagalolunye eRiphablikhi yaseNingizimu Afrika. Lesi sifunda siyindawo efudumele enamathafa amahle athola izimvu kanye nezingoxi ezijulile ngokunjalop nemifula emikhulu echithekela olwandle olwandle i-Indin Ocean unyaka wonke.

Isifunda UGu siseningizimu nesifundazwe kanti-ke indawo engaphansi kwaso yaziwa ngokuthi yiSogwini oluseNingizimu neKwaZulu-Natali. Ububanzi baso buyizi- 5,866km² futhi sinendawo enhle egudle ulwandle engamakhilomitha ayi-112, okungumngcele oseMpumalanga. Lesi Sifunda sisemngceleni weSifundazwe iMpumalanga Kapa ngaseNingizimu, ulwandle i-Indian Ocean ngaseMpumalanga, uMasipala Wesifunda uMgungundlovu ngaseNyakatho-Ntshonalanga nokuyilapho sithola khona iNhlokodolobha yesiFundazwe, kanye NoMasipala waseThekwini, nokuyilapho sithola khona idolobha iTheku, “eliyisizinda sezomnotho” wesifundazwe.

Sino Masipala aba-(4) basekhaya abanamawadi angama-(86) esewonke. Isifunda sinemikhandlu yomdabu engamashumi amane nambili, yonke ingaphansi koBukhosi bakwaZulu. Ngokwe-Statistics SA 2001, UGu lunabantu abayi-142 ngekhilomitha ngalinye, okuyisibalo esingaphezulu kwesilinganiso sesifundazwe okuyingabantu abayi-104 ngekhilomitha ngalinye.

## 7. UKWAKHEKA KANYE NEMISEBENZI KAMASIPALA WESIFUNDA UGU

7.1 Isakhiwo




Isakhiwo esingaphezulu se-POPIA sisekelwa i- MANCO kanye neThimba Lomsebenzi le-POPIA Task team.

7.2 Imisebenzi kaMasipala

Ngokuhambisana noMthethosisekelo, uMthetho uNo. 108 kowe-1996, uMkhandlu kaMasipala Wesifunda UGu uyibhodi elithatha izinqumo zikaMasipala ngokwezepolitiki. IMeya kaMasipala Wesifunda UGu imelwe umsebenzi wezamasu okusebenza kanye nepolitiki jikelele, kanti iMenenja kaMasipala yona ihola ezokuphathwa kukamasipala futhi ibhekelele ukuqaliswa kweminqubomgomo kanye noHlelo Lwentuthuko Edidiyelwe(IDP).

## 8. IMINININGWANE EMQOKA YOKUXHUMANA NOMASIPALA WESIFUNDA UGU MAQONDANA NOKUFINYELELA OLWAZINI

8.1 Isikhulu esibhekele Ulwazi: IMenenja kaMasipalaMr. V O
Ucingo: 039 688 5702
I-imeyili: mm@ugu.gov.za

8.2 Isekela Lesikhulu Esibheke Ulwazi: Ms. M P Gobhozi
Isikhundla: IMenenja Jikelele Kwezokusebenza Ngokubambisana
Ucingo: 039 688 5758
I-imeyili: gmcs@ugu.gov.za

8.3 Ukufinyelela olwazini imininingwane ejwayelekile yokuxhumana
I-imeyili: registry@ugu.gov.za

8.4 Amarekhodi ongawacela:-

8.4.1 Amarekhodi okumele acelwe ngumfakiscelo yilawo onolwazi oluhlanganiswe nguMasipala Wesifunda UGu ngesikhathi wenza umsebenzi wawo, kungakhathaleki ukuthi umsebenzi onjani, ongakanani, okungaba ukuthi uphethwe kumbe ulawulwa nguMasipala Wesifunda UGu nanoma ngabe lolo lwazi luqhamuke nawo uMasipala Wesifunda UGu noma cha.

8.4.2 Zonke izicelo zizohlolwa ukuze kutholakale ukuthi amarekhodi aceliwe ngakube awaluqukethe yini Ulwazi Lomuntu Siqu ngokwe-POPIA, nokuyikho okungaba nomthelela ekutheni isicelo siyamukeleka yini noma siyachithwa.

8.5 INhloko-Hhovisi

Ikheli leposi: PO Box 33, Port Shepstone, 4240
ikheli lendawo: 28 Connor St, Port Shepstone, 4240
Ucingo: 039 688 5700
I-imeyili: registry@ugu.gov.za
Isizindalwazi: www.ugu.gov.za

8.6 Amanye amahhovisi:

Ikheli lendawo: 96 Marine Drive, Oslo Beach 1, 2 & 3
Ikheli lendawo: Musgrave Road, Harding
Ikheli lendawo: Main Road, Park Rynie

## 9. INCAZELO YAZO ZONKE IZIXAZULULO EZIKHONA NGOKUPHATHELENE NOMTHETHO KUMBE UKWEHLULEKA UKUGCINA ISIMISO SIKAMASIPALA WESIFUNDA UGU

9.1 NgokoMthetho Wokuvikela Kolwazi Lomuntu Siqu (POPIA) izinhlangano noma izikhungo ziphoqelekile ukuthi zibike ukwephulwa kwesizindalwazi kwi-ithanethi kuMlawuli Wezolwazi waseNingizimu Afrika)

9.2 Uma kwenzeka kubeka ezokuphepha engcupheni, iMenenja Wokuphatha kanye Nabasizayo kufanele bazise yomibili leminyango

(i) UMlawuli Wezolwazi kanye

(ii) Izizindalwazi ezithintekayo ngokushesha okuphuthumayo.

9.3 Isaziso sokuphulwa kwesizindalwazi kufanele sihlanganise

(i) Ulwazi ngokwephula umthetho,

(ii) Izinyathelo ezithathiwe, kanye

(iii) Izincomo zokunciphisa imiphumela emibi engaba khona

## 10. UMHLAHLANDLELA WOKUTHI ISEBENZA KANJANI I-PAIA KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELA KANJANI KULOMHLAHLANDLELA

10.1 Ngokwesigaba 10(1) se-PAIA, uMlawuli uvuselela futhi uhlinzeke ngoMhlahlandlela obuyekeziwe mayelana nendlela yokusebenzisa i-PAIA (uMhlahlandlea), ngokusebenzisa indlela eaondakala kalula, nokungenzeka uma kunomuntu ofisa ukusebenzisa nanoma yiliphi ilungelo elivezwe ngaphansi kwe-PAIA kanye nePOPIA.

10.2 UMhlahlandlela utholakala nganoma yiluphi ulimi kulezo ezisemthethweni.

10.3 Lo Mhlahlandlela oshiwo ngenhla uqukethe incazelo yalokhu-

10.3.1 Izinjongo ze-PAIA kanye ne-POPIA;

10.3.2 Ikheli leposi kanye nelomgwaqo, inombolo yocingo kanye neyefeksi kanye, nekheli le-imeyili uma likhona:-

10.3.2.1 Isikhulu Esibhekele Ulwazi kuzona zonke izinhlaka zikahulumeni, kanye

10.3.2.2 neSekela Lesikhulu Esibhekele Ulwazi kuzona zonke izinhlaka zikahulumeni kanye nezizimele njengoba kubekiwe eSigabeni 17 (1) se- PAIA[1] kanye neSigaba 56 se-POPIA[2]:-

10.3.3 Indlela yokufaka isicelo soku-

10.3.3.1 afinyelela kumarekhodi ohlaka lukahulumeni okukhulunywa galo esigabeni 11[3]; futhi

10.3.3.2 nokufiyelela kumarekhodi ohlaka oluzimele okukhulunywa ngalo esigabeni 50[4];

10.3.4 Usizo oluhlinzekwa yiSikhulu Esibhekele Ulwazi maqondana nohlaka lukahulumeni ngokwe-PAIA kanye ne-POPIA;

10.3.5 Usizo oluhlinzekwa nguMlawuli ngokwe-PAIA kanye ne- POPIA;

10.3.6 Zonke izisombululo esinazo ngokomthetho mayelana nokwenza kumbe ukwehluleka ukwenza okuthile maqondana nelungelo noma umsebenzi owubekelwe kumbe obekwe yi-PAIA kanye ne-POPIA, okubandakanya nendlela yokufaka-

10.3.6.1 isimangalo sangaphakathi;

10.3.6.2 Isikhalazo esibhekiswe kuMlawuli; kanye

10.3.6.3 Nokufaka isimangalo enkantolo uphikisana nesinqumo seSikhulu Esibhekele Ulwazi ohlakeni lukahulumeni, isinqumo ngesimangalo sangaphakathi kumbe isinqumo soMlawuli noma isinqumo senhloko yohlaka lukahulumeni;

10.3.7 Izihlinzeko zezigaba 14[5] no 51[6] ezidinga uhlaka lukahulumeni kanye noluzimele, ngokulandelana, bahlanganise ibhukwana, kanye nendlela yokufinyelela kuleli bhukwanahe

10.3.8 Izihlinzeko zezigaba u- 15[7] kanye 52[8] ezihlinzeka ngokudalulwa njengooviding for the voluntary disclosure of categories of records by a public body and private body, respectively; njengokulandelam.

10.3.9 Izaziso ezikhishwe ngokwesigaba 22 no 54[10] mayelana nezimali okufanele zikhokhwe maqondana nezicelo zokufinyelela olwzini; kanye

10.3.10 Nemithethonqubo eyenziwe ngokwesigaba 92[11].

10.4 Amalungu omphakathi angahlola noma amakhophi alo Mhlahlandlela emahhovisi ezinhlaka zikahulumei noma ezizimele, kuhlanganisa nehhovisi lomlawuli, ngezikhathi zokusebenza ezijwayelekile. UMhlahlandlela ungatholakala futhi:-

10.4.1 ngokwenza isicelo usithumelele iSikhulu Esibhekele Ulwazi;

10.4.2 ngaphansi kwesizindalwazi ohlelweni lukaMlawuli (https://www.justice.gov.za/inforeg/).

## 11 INCAZELO YEZINHLOKO ZAMAREKHODI AGCINWE YIBHODI KANYE NEZINHLOBO ZAMAREKHODI AGCINWE UMASIPALA WESIFUNDA UGU

| Izinhloko zamarekhodi asingethwe yizinhlaka | Izinhlobo zamarekhodi ngaphansi kwesihloko ngasinye |
|---|---|
| Imibhalo Yamasu Okusebenza, Izinhlelo kanye Nemibiko. | ➢Imibiko Yonyaka kaMasipala;<br>➢Imibiko Yamaphakathi Nesikhathi kanye Nekota. |
| Izinhlelo zemihlangano kanye namaminithi | ➢Izinhlelo zemihlangano;<br>➢Imihlangano;<br>➢Amarejista okuhambela imihlangano. |
| Izivumelwano | ➢Izinkontileka;<br>➢Imihlangano;<br>➢Izivumelwano zezinga lokusebenza. |
| Uphiko Lwezabasebenzi | ➢Izinqubo kanye nezinqubomgomo zoPhiko Lwezabasebenzi;<br>➢Izikhala zemisebenzi ezikhangisiwe;<br>➢Amarekhodi abasebenzi;<br>➢Ukufunda kanye nokuthuthukiswa isib: ukuthuthukiswa kwamakhono nezinhlelo zokuqeqesha; |

| **Izinhloko zamarekhodi asingethwe yizinhlaka** | **Izinhlobo zamarekhodi ngaphansi kwesihloko ngasinye** |
|---|---|
| | ➢ Uhlelo lokuqashwa ngokulingana kanye nezibalo zabasebenzi;<br>➢ Amagama;<br>➢ Izinombolo zomazisi;<br>➢ Iziqu zemfundo;<br>➢ Ilayisensi yokushayela;<br>➢ Imininingwane yokuxhumana;<br>➢ Abaqashi baphambili/ bamanje;<br>➢ Ubulili;<br>➢ Ubuhlanga;<br>➢ Isimo sokukhubazeka;<br>➢ Isimo somshado;<br>➢ Ukuzihlanganisa nezinhlaka/ ezepolitiki;<br>➢ Amarekhodi obugebengu;<br>➢ Ukuhlolwa kwesimo sezikweletu. |
| Ezezimali kanye nokubalwa kwayo | ➢ Amarekhodi ezokubalwa kwezimali;<br>➢ Izinqubo kanye nezinqubomgo;<br>➢ Imininingwane Yebhange kanye Nezitatimende;<br>➢ Izitatimende Zezezimali;<br>➢ Ukuqoqwa kwentela;<br>➢ Names;<br>➢ Izinombolo zomazisi;<br>➢ Izinombolo Zokubhaliswa Kwenkampani;<br>➢ Izinombolo Zesikhwama Zoxhaso;<br>➢ Imininingwane Yesakhiwo;<br>➢ Imininingwane yokuxhumana . |
| Uhlelo Lokwesekwa Kwezokuphathwa Kwezimali | ➢ Amagama;<br>➢ Inombolo Yomsebenzi;<br>➢ Isignisha;<br>➢ Ubulili;<br>➢ Ubuhlanga;<br>➢ Isikhundla/indima;<br>➢ Imininingwane yokuxhumana. |
| Ezobuchwepheshe Bokuxhumana | ➢ Izinqubo kanye nezinqubomgomo;<br>➢ Imibhalo Yezinhlelo Zokusebenza kanye namabhukwana;<br>➢ Imiklamo, izinhlelo zokulungisa izinhlekelele kanye nokuqaliswa kwazo;<br>➢ Imihlangano yokwazisa ngezinqubomgomo;<br>➢ Isicelo seimishi ye-IT, ukwabiwa, nokuhlolwa kwemishini;<br>➢ Irejista yemihlangano yabadayisi;<br>➢ Amagama;<br>➢ Imininingwane yokuxhumana. |

| Izinhloko zamarekhodi asingethwe yizinhlaka | Izinhlobo zamarekhodi ngaphansi kwesihloko ngasinye |
|---|---|
| Ukuphathwa Kwezokuthengwa Nokusetshalaliswa kwempahla | ➢ Amagama;<br>➢ Isibongo;<br>➢ Iminingwane yokuxhumana;<br>➢ Amagama eNkampani;<br>➢ Izinombolo Zokubhaliswa;<br>➢ Izinombolo zomazisi;<br>➢ Imininingwane Yasebange;<br>➢ Izinombolo zokukhokhwa Kwentela;<br>➢ Inombolo Eyinkomba Yentela;<br>➢ Amasignisha. |

| Izinhloko zamarekhodi asingethwe yizinhlaka | Izinhlobo zamarekhodi ngaphansi kwesihloko ngasinye |
|---|---|
| Imisebenzi Yezemithetho | ➢Amagama<br>➢Imininingwane yokuxhumana;<br>➢Izinombolo zomazisi;<br>➢Amagama eNkampani;<br>➢Imininingwane yokuxhumana yenkampani. |
| Ezokuphathwa Kwamabhuku Nezinsiza-kusebenza | ➢Amagama;<br>➢Inombolo Yomsebenzi;<br>➢Inombolo yocingo;<br>➢Indawo Yehhovisi. |
| Ezokusebenza Ngokubambisana- Ezokuphathwa Kwezinhlekelele | ➢Amagama;<br>➢Imininingwane yokuxhumana;<br>➢Izinombolo zomazisi ;<br>➢Isihlobo esiseduze. |
| Ukuhlelwa Kwentuthuko | ➢Amagama;<br>➢Imininingwane yokuxhumana;<br>➢Isikhundla. |

## 12 IZINHLOBO ZAMAREKHODI KAMASIPALA WESIFUNDA UGU WESIFUNDA ATHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUTHI UMUNTU AFAKE ISICELO

| **Isigaba** | **Uhlobo Lombhalo** | Atholakala ngaphansi Kwesizindalwaz | Atholakala ngokwenza isicelo |
|---|---|---|---|
| Imibhalo yamathenda | - Amathenda akhangisiwe<br>- Igama lohlonziwe ngokwemingenelelo | X | |
| Imithetho eshayiwe/ imithethonqubo | - Ibhukwana le-PAIA<br>- Isaziso Sobumfihlo<br>- Inqubomgo Yezokuphepha | X | X |
| Umthetho kaMasipala | - Umthetho kaMasipala UGU waManzi kanye Nendle<br>- Umthetho KaMasipala UGU weZempilo yoMphakathi<br>- Umthetho kaMasipala UGU wokulawulwa kanye nokuqoqwa kwezikweletu<br>- Umthetho kaMasipala UGU wokulawulwa kwezinhlekelele<br>- Umthetho kaMasipala UGU wokuPhepha komphakathi<br>- Umthetho kaMasipala Wokulawula izingabunjalo loMoya | X | |
| Imibhalo Yamasu Okusebenza (Inhlelo kanye Nemibiko) | - Umlando wenhlangano (Isifingqo, izinjongo, Imisebenzi, Izakhiwo)<br>- Imibiko Yonyaka;<br>- Amasu Okusebenza;<br>- Uhlelo Lokusebenza Lonyaka;<br>- Izinhlelo kanye Namasu Okusebenza. | X | |

| | | | |
|---|---|---|---|
| Amarekhodi Emihlangano | - Imibono yokuxoxisana, izincomo kanye nezinqumo zesiGungu Esikhulu, uMkhandlu, iKomidi Lezokubuyekeza Inqubomgomo njll. | X | |

**13 IZINSIZA EZIHLINZEKWA UMASIPALA WESIFUNDA UGU KUMALUNGU OMPHAKATHI KANYE NOKUTHI UNGAFINYELELA KANJANI KULEZO ZINSIZA**

**13.1 Ukuthuthukiswa Kwentsha**

13.1.1 Ezinhlelweni zeMfundo, ZamaKhono kanye nezokuqeqesha sisebenzisana nabalingani bethu abakhulu okunguMnyango wezeMfundo, ukufinyelela kulezi zinhlelo sifaka izimemo kwezokuxhumana ngobuchwepheshe kanye nezithangami zentsha.

13.1.2 Ezinhlelweni zokulekelela amabhizinisi amancane sisebenzisana nomlingani wethu omkhulu okunguMnyango Wezokuthuthukiswa kweZomnotho, NYDA kanye nabanye – ukufinyelela kulezi nhlelo sifaka izimemo kwezokuxhumana ngobuchwepheshe kanye nezithangami zentsha.

13.1.3 Ezinhlelweni ezisiza intsha lapho sisebenza naba lingani okuyizinhlangano zomphakathi - ukufinyelela kulezinhlelo sifaka izimemo kwezoxhumana ngobuchwepheshe kanye nezithangami zentsha

13.1.4 Ezinhlelweni Zokuthuthukisa ezemidlalo sisebenzisana nabalingani bethu abakhulu onguMnyango wezeMidlalo, Ubuciko kanye Namasiko, ukufinyelela kulezi zinhlelo kwenzeka ngokufaka izimemo ngobuchwepheshe bokuxhumana kanye nezithangami zabasha.

13.1.5 Ekusebenziseni kabi izidakamizwa kanye naseZinhlelweni zemikhankaso yezinto ezigulisa umphakathi sisebenzisana nabalingani bethu abakhulu okunguMnyango Wezempilo- ukufinyelela kulezi zinhlelo kwenzeka ngokufaka izimemo kwezokuxhumana ngobuchwepheshe kanye nezithangami zabasha.

13.2 Izinhlelo Ezikhethekile

| **UHLAKA/UMKL AMO** | **UHLELO** | **INSIZA** | **UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI** |
|---|---|---|---|
| I-EPWP | Ukwakhiwa Kwemisebenzi | - Ukulwa nokungasebenzi kanye nokunciphisa indlala ngaphakathi kuMasipala Wesifunda UGu esikhathini esifushane ngokuthi sinikeze amathuba esikhashana omsebenzei kubantu abangenamakhono/abanama khono abangenalutho. | - Imihlangano yamakomidi yamawadi<br>- Imihlangano yamathimba emisebenzi yendawo<br>- Operation Sukuma Sakhe<br>- Ukuhambela izindawo kukaMeya |
| Amalungelo Abantwana | Inyanga Yokuvikelwa Kwabantwana | - Ukudlulisa amacala abantwana abahlukumezekile. | - Amlungelo abantwana ezinhlakeni ezisebenzisanayo zo-UGu kanye nohlaka Lokuvikela |

| UHLAKA/UMKLAMO | UHLELO | INSIZA | UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI |
|---|---|---|---|
| | | - Ukuvikela abantwana kuzo zonke izinhlobo zokuhlukumeza.<br>- Ukuqapha ukuthi bonke abantwana bayafinyelela emfundweni esezingeni elamukelekayo.<br>- Ukuqinisekisa ukuthi bonke abantwana kubandakanya abantwana abanokukhubazeka ukuthi bayafinyelela ezinsizeni ezisezingeni elamukelayo.<br>- Ukuqapha imfundo kanye nokugcinwa kwemithetho evikela abantwana.<br>- Izindaba zabantwana ezijwayelekile zifakwe ezinhlakeni zokuphatha. | - Amalungelo abantwana ezinhlakeni zangaphakathi kanye nohlaka lokuvikela<br>- Umhlangano wezinhlaka UGu, u-DoE kanye no-ECD |
| | Imikhankaso yokuqwashisa kanye nezinkulumompikiswano | - Ukuqalisa ukuqwasha ngamalungelo ezingane, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukukhulelwa kwabantwana, ukushushumbiswa kwabantwana, ukuhlukunyezwa ngokomzimba nangokocansi, njll.<br>- Ukulwa nabo bonke ububi obusemphakathini obuhlukumeza abantwana.<br>- Ukugqugquzela izinkulumompikiswano zabantwana. | |
| | Ukuthuthukiswa Kwabantwana emsebenzini | - Ukuqapha ukufinyelela ezindaweni ezithuthukisa abantwana abancane kubantwana bonke abeneminyaka esuka 0-6 ikakhulukazi abantwana abathinteka kalula | |

| UHLAKA/UMKLAMO | UHLELO | INSIZA | UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI |
|---|---|---|---|
| | | (izintandane kanye nabakhubazekile) | |
| | Usuku lokuya nomntwana emsebenzini | - Ukuqapha ukufinyelela emfundweni esezingeni elamukelekayo kubantwana bonke aseminyakeni yokuya esikoleni.<br>- Ukulwa nokungaqedi kwabantwana ukufunda. | |
| | Izinhlelo zokucija abantwana | - Ukucija abafana kanye nomantombazane ngokubanikeza amakhono empilo kanye nezinhlelo zemfundo. | |
| I-Operation Sukuma Sakhe | Ithimba lokusebenza lesifunda | - Ukuhlinzeka ngemisebenzi ebanzi edidiyelwe kanye nenqume kabili emphakathini ngokusebenzisa ukubambisana okuphumelelayo kanye nokugculisayo. | - Imihlangano yangaphakathi yethimba lomsebenzi<br>- Imihlangano ye- War Room<br>- Umkhankaso we-MBO |
| Uhlelo Lwabantu Abadala | Imikhankaso Yokuqwashisa kanye nezinkulumompikiswano | - Ukuqalisa ukuqwashisa ngokuhlukunyezwa kwabantu abadala, isifo sokukhohlwa kanye ne-Alzheimer kanye nazo zonke izinhlobo zokuGula njengoba ziphatha abantu abadala | - Izithangami zabantu abadala ezingeni lesifunda kanye nelewadi<br>- Amathimba abantu abadala ezingeni lewadi |
| | Imidlalo Yabantu abadala | - Ukukhulisa ukuGuga okubukhuphekhuphe kubantu abadala kanye nokuthuthukisa ukuphila kahle | |
| | Ukuhlinzeka ngosizo kubantu abadala | - Ukuhlinzeka ngezinduku zokuhamba kulabo abahamba kanzima<br>- Ukuvakashela kanye nokubheka ukuphila kanye nezimo zokuhlala ngaphakathi ezindaweni zokuhlala | |
| I-HIV kanye ne-AIDS | Ukuhlanganisa imihlangano ye- | - Ukuhlinzeka ngesimo esibanzi, esididiyelwe | - Umkhandlu we-AIDS wesifunda UGU<br>- Umkhandlu we-AIDS wasekhaya |

| UHLAKA/UMKLAMO | UHLELO | INSIZA | UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI |
|---|---|---|---|
| | AIDS yomkhandlu UGU | sesifunda mayelana neHIV, TB kanye neSTIs<br>- Ngemogomo kanye namasu mayelana nokwehlisa ukutheleleka ngaphakathi esifundeni<br>- Ukuhlanganisa, ukubheka kanye nokulekelela bonke ababambisani kanye nabambiqhaza ekuvikeleni ukusabalala kwe-HIV<br>- Ukuhlehla kabusha izinhlelo ezidingwa umphakahti (isib. Uhlelo lokubheka ukuhlola, ukukhishwa kwamajazi omkhwenyana, ukusokwa kwabantu besilia nokunye) | - UMkhandlu we-AIDS wewadi kanye nesithangami sokudingida izindaba zomphakathi<br>- Izithangami zomphakathi ezibandakanya zonke izinhlaka zonke Zeminyango<br>- Iminyango yezinhlaka<br>- Abambiqhaza abasiza ezifundweni |
| | Imikhankaso Yokuqwashisa | - Ukuqalisa ukuqwashisa emiphakathini okufaka konke ukugula komphakathi<br>- Imikhankaso yokuqwashisa kumele futhi igxile ezinselelweni ezikhona ngaleso sikhathi isib. Ukukhulelwa kwabantwana abasebancane | |
| | Ukuhlinzekwa kosizo kubantu abaphila ne-HIV | - Ukuhlinzekwa kwezingezo zikazwelonke ngokusebenzisa omasipala basekhaya kanye nezinhlangano ezizimele ezibheke ne-PLHIV<br>- Ukuhlinzeka kosizo ukusiza amaqoqo mayelana nosizo aludingayo esikhathini esithile<br>- Ukudlulisela isehleko emnyangweni ofanele | |
| UKUKHUBAZEKA | Inkulumompikiswa no/ umkhankaso wokuqwashisa ngokukhubazeka | - Ukuba nemikhankaso yokuqwashisa ngokuvikeleka kanye nokugqugquzela amalungelo abantu abanokukhubazeka<br>-ukuqalisa ukuqwashisa | -Isithangami sesiFund sabakhubazekile<br>-isithangami sabakhubazekile sendawo<br>-Wa Rooms<br>-iminyango kaMasipala eyahlukene |

| UHLAKA/UMKLAMO | UHLELO | INSIZA | UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI |
|---|---|---|---|
| | | emphakathini okubandakanya ukugqugquzela ukubandakanywa kanye nokufundisa abantu ngezinto ezimayelana nokukhubazeka njengokuGula ngengqondo, isifo sokuhlala wedwa, kanye nokuphatheka kahle kwabantu abanokukhubazeka.<br>- ukuba nenkulumompikiswano kanye nemikhankaso egxile ezintweni ezivimba ukuhlalisana njengo kushintsha indlela yokubuka izinto kanye nezinkolelo ezilwa namalungelo okukhubazeka. | |
| | Usizo oluhlinzekwa kubantu abanokukhubazeka | - ukuhlinzekwa ngomfaniswano wesikole kubafundi abanokukhubazeka<br>- ukuhlinzekwa ngezinsiza ngesikhathi sokopha kubafundi abakhubazekile ezikoleni zabakhubazekile.<br>- ukuhlinzeka ngezinto ezisizayo kubantu abanokukhubazeka.<br>- ukudlulisa amacala emnyangweni ofanele. | |
| | Inkundla yokucobelela ngolwazi yokucija abanokukhubazeka /ukuthuthukiswa kwamakhono | - ukuhlinzeka ngezinhlelo ezixosha ububha, ukungasebenzi kanye nokuzuza ezomnotho ezixubile kanye nokuthuthuka kwabantu abanokukhubazeka. | |
| | Uhlelo Lwezemidlalo lwabakhubazekile | - ukugqugquzela kanye nokukhulisa ukuphila okunempilo ebantwini abanokukhubazeka, ukuphila kahle kanye nempilo esezingeni, ukubamba iqhaza emidlalweni kanye nasekuthuthukisweni kwezemidlalo. | |

| UHLAKA/UMKLAMO | UHLELO | INSIZA | UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI |
|---|---|---|---|
| | Imihlangano yezinhlaka zabakhubazekile | - Ukugqugquzela iMinyango kaHulumeni ukuthi ihlanganise izindaba zabakhubazekile emisebenzini eyenzayo.<br>- ukubiza kanye nokusiza emhlanganweni yezinhlaka zabakhubazekile.<br>- ukuhlinzeka ngosizo kanye nokululeka ezinhlakeni zikaMasipala wendawo..<br>- ukubheka osekuzuziwe kanye nezinselelo zezinhlelo zabakhubazekile ngaphakathi esifundeni.<br>- ukuqinisekisa ukuthi Uhlaka lusebenza ngaphansi kohlaka lukaMasipala Wesifunda UGu kanye nemithetho efanele.<br>- **ukuhlanganisa, ukusiza kanye nokuqapha ukusebenza kwe,** (umusho kawuphelele) | |
| UKUTHUTHUKISWA KOBULILI | Imikhankaso yokuqwashisa kanye nenkulumompikiswano | - Ukuqalisa ukuqwashisa ngodlame olubhekiswe ebulilini, ukuhlukunyezwa,ukudlwengulwa, ukushushumbiswa kwabantu,njll.<br>-Ukulwisana nakho konke ukuGula komphakathi okuthinta abesifazane kanye nabesilisa. | - Uhlaka lwe-Ugu lwezobulili bomasipala basekhaya kanye nasewadini<br>- Omasipala basekhaya<br>- yonke iminyango kahulumeni |
| | Ukuhlanganisa imihlangano yohlaka lobulili | - Ukuhlinzeka ngemibiko<br>- Ukuqapha kanye nokusiza izinhlaka ezingeni lendawo kanye nelewadi | |
| | Umkhosi Womhlanga | - Ukulungiselela amantombazane asemancane ukungena ebukhikazini kanye nokuwagqugquzela ukuthi aziqhelanise nocansi kuze kube afika esigabeni sokushada. | |

| UHLAKA/UMKLAMO | UHLELO | INSIZA | UKUFINYELELA KOMPHAKATHI EZINSIZENI |
|---|---|---|---|
| | | - Ukulwisana nakho konke ukugula komphakathi okuthinta izingane. | |

**13.3 Ukuthuthukiswa Komnotho kanye neMisebenzi Yezemvelo**

13.3.1 Ukuqapha izingabunjalo lamanzi – izikole, imitholampilo, kanye nomphakathi ungacela ukuba isampuli yamanzi yenziwe ezindaweni zazo, kusukela emathangeni o-jojo, emapayipini amanzi abheke phezulu, emanzini ambiwa phansi, emanzini asendlini ukuhlola i-e-coli.

13.3.2 Ukulawula kokudla- esimweni lapho kudingeka khona i- C.O.A (isitifiketi sokwamukela) yizindawo zokudla, umuntu ophethe kudingeka ukuthi afake isicelo, ngokugcwalisa amafomu, emahhovisi Ezempilo Yemvelo kumbe ngokusebenzisa i-imeyili. Esomweni lapho umuntu ekuchitha ngaphandle kokuphoqwa ukudla osekudlulelwe isikhathi, umphathi/umuntu ophethe, angathinta amahhovisi afanele, ngokuthi ashaye ucingo noma ngesikhthoi sokuhlola se-EHP. Uma kusolaka ukuthi kukhona isehleko sobuthi ekudleni/ukuqubuka, ilungu lomphakathi lingacela ukuthi kuthathwe isampuli ukuze ibhekisiswe.

13.3.3 Ukulawulwa Kwemfucuz – ukususwa kukadoti kugumsebenzi kaMasipala wendawo, ngakho-ke umphakathi ungathinta uMasipala wendawo ofaele esimweni lapho udoti/imfucuza ungagoqiwe. Amalungu omphakathi angathinta ihhovisi Lezempilo Yemvelo (ngokushaya ucingo, bafike emahhovisi noma nge-imeyili) ngezikhalazo ezijwayelekile zokulahla imfucuza. Ukuchithwa kwezigcinamanzi kanye namathange agcina indle, omphakathi angathinta Abemisebenzi Yamanzi. Kodwa-ke, esimweni lapho indle/amanzi angcolile exhitheka ngaphandle, umphakathi ungaletha izikhalazo emahhovisini.

13.3.4 Ukuhlolwa Kwempilo Yezindawo- umphakathi ungathinta amahhovisi Ezempilo Yemvelo, ngokushaya ucingo, ba-imeyile, noma bazifikele mathupha emahhovisi lapho ubungozi bempilo bukhonjwe khona kunoma ziphi izindawo.

13.3.5 Ukuhlola kanye nokuvikelwa kwezifo ezithathelanayo ngaphandle kokugoma- umphakathi ungacela, ngokuthinta ihhovisi lezeMpilo Yemvelo( 039 976 1333 noma 039 6885804) ngosizo lwe- EHP ukuphenya isehleko sesifo sezinja samarabi ukuqubuka kobuthi ekudleni.

13.3.6 Ukulawulwa Kwezithwalizifo- ukuchelwa kwezindawo ezinomiyane kwenziwa omasipala bendawo, esimweni lapho umsebenzi onjalo uhlinzekwa uMasipala wendawo, umphakathi ungathinta uMasipala ofanele, lapho uhlala khona. Zonke izindawo zokudla ezidinga isitifiketi sokulawula izinambuzane, singatholakala kumlawuli osemthethweni wezinambuzane, emva kokuba izindawo sezicheliwe ukubulala amagundane, amaphela kanye nezinye izithwalizifo

13.3.7 Ukulawula ukungcola kwemvelo

Umphakathi ungathinta Abezokuphathwa kweMvelo (039 688 3539) ngemibuzo ngokungcola komoya, njengokubhalisa kobhayela. Izikhalazo mayelana namanzi angcolile kanye nokuchitheka kwendle zingaqondiswa ehhovisi lezeMpilo Yemvelo(039 9761333 noma 039 6885804), ngokushaya ucingo, noma bazifikele mathupha emahhovisini.

Kuyodingeka ukuba umphakathi ucele usizo lomhlinzeki msebenzi / ozimele ukukala umsindo, ezikhalazweni zemisindo.

13.3.8 Ukungcwatsha kwabafileyo esimweni sesicelo se-C.O.C (isitifiketi sokuba nolwazi), umngcwabi ofanele kumele afake isicelo emahhovisi ezeMpilo Yemvelo, lapho indawo ikhona. Ukungcwatshwa kokumuntu ohlwempu manje kungumsebenzi kaMasipala wendawo,
umphakathi uzodingeka ukuba uthinte uMasipala wendawo, ukususa kanye nokungcwatsha kwanoma yimuphi umuntu ohlwempu.

13.3.9 Ukuphepha kumakhemikhali noma muphi umuntu ofica ukugcina izinto zokuchela izinambuzane/ amakhemikhali kumele kuqala athinte u-EHP, oyobe esechaza yonke indlela yokunikeza imvume yokusebenza kanye nabaphetheyo abafanele

13.4 **Ukulawulwa Kwezinhlekele:**

Ukudidiyelwa kwezindlela zokuvimbela kanye nokunciphisa imithelela yezinhlekelele ngokunjalo nokulawulwa kwazo uma zenzeka.

14. UKUBANDAKANYWA KOMPHAKATHI EKWAKHIWENI KWENQUBOMGOMO NOMA UKUSEBENZISA AMANDLA KUMBE UKUSEBENZA KUKAMASIPALA WESIFUNDA UGU

Ihhovisi Lezokubamba Iqhaza Komphakathi linomthwalo wokuxhumanisa izinhlelo zezokubamba iqhaza komphakathi, njengemihlangano yomphakathi, Izimbizo zeMeya, ukubhekelela izikhalo zomphakathi, ukusebenza kwamakomidi amawadi, kanye nokuphatha izinhlelo zeHhovisi likaSomlomo.



15. UKUSETSHENZISWA KWEMININININGWANE YOMUNTU SIQU

15.1 Inhloso Yokusetshenziswa Kolwazi Lomuntu Siqu

